

INGEDE

May 2013, Vol. 16, No.2

Ukusetshenziswa kukamanyolo lapho imvula ine kakhulu

 ngu Joe Nkala - Umeluleki wezomoba: SASRI

Mibili imibuzo engase iqhamuke

1. Owokuqala: Engabe umanyolo osuke ufakwe ehlumeleni kusukela ngoNcwaba (August) kuya kuZibandlela-(December) usuke usulahlekile? Ipendulo: Umsoco wamaqabunga (Nitrogen -N) kanye nengxenye yowesiqu (Potassium -K) kungenzeka ukuthi uwasheke/ulahleke namanzi, ikakhulukazi emhlabathini osasihlabathi njengoba usuke unamaphesenti obumba angaphansi kwe-15 –no kungesinye sezizathu esenza kunconywa ukuthi umanyolo ufakwe uhlukeniswe kabili emhlabathini oyihlabathi. Umbuzo ongaqhamuka ukuthi- mungakanani olahlekile? Isampula lamaqabunga lizotshengisa ukuthi mungakanani ethathwe isitshalo.
2. Owesibili: Okuvame ukudida abalimi abalima ezindaweni eziphezulu nezimaphakathi nezwe emobeni wokuvula itshe osuke usunezinyanga ezili-12 kuya kwezili-14 ubudala, nohlahlekela umbala wawo oluhlaza uphenduke ube luhlaza ngokuphuzi njengoba usuke uhlezi emhlabathini ogcwele amanzi. Okuvame ukwenzeka la ukuthi uma umhlabathi sewomile nesimo sezulu esishisayo sibuya, umbala womoba kanye nokukhula kubuyela esimweni. Kodwake, uma umoba ugcina unombala ophaphathekile ngokuphuzi, kunconywa ukuthi ufake isikhuthazi.



Landela lezi zincomo ezilandelayo

1. Ungafaki umanyolo wamaqabunga u-N emasimini lapho amanzi entanta ngaphezulu. Umanyolo uzo-hwamuka ngokukhulu ukushesha, okungcono ukuthi ulinde uze umhlabathi wangaphezulu uqale wome.
2. Ezindaweni eziphansi ezimanzi – uma umoba unombala ophuzi, faka phakathi kuka 50-75kg okungu (± 150 kg we-Urea ngehektare noma 200kg ngehektare we-LAN) kuleyondawo kuphela esuke itshengisa ukuba nenkinga uma nje umhlabathi uqeda ukoma.
3. Umoba olitshalo ongazange ufakwe umanyolo wangaphezulu: faka umanyolo ngokwezincomo ukukhuthaza umoba uma nje isimo somhlabathi sivuma.
4. Itshalo kanye nehluhla ekade lifakiwe umanyolo ngokuphelele: Akuthi makuphela izinsuku ezilishumi umoba onezinyanga eziyisithupha (6) kuya kweziyisishiyagalolunye (9) futhi usutshengisa ukukhula kahle kuthathwe amasampula amaqabunga.
5. Umoba okutholakala ukuthi usukhule kakhulu ngendlela yokuthi ngeke kusabalula ukuthi umanyolo ufakwe kusetshenziswa ugandaganda noma izandla, kungcono ukusebenzisa ibhanoyi. Izindleko zokuthela ngebhanoyi ziba phakathi kwama –R260 ngehektare (uma kufaka 100 kg wohlobo lukamanyolo obizwa nge-Urea) kanye no R290 ngehektare uma ufaka (150kg we-Urea.) Azibaliwe izindleko zikamanyolo kulamanani angenhla.
6. Faka 200kg ngehektare yohlobo lukamanyolo obizwa nge 1:0:1 (48) lapho kushoda khona umsoco oziwa ngo-N no K.



OKUQUKETHWE



Igugu lesizwe: Umhlabathi kumele unakekelwe ukuze ukukhiqiza umoba kube imphumelelo.



Isitatimende: Kumele ube nolwazi ngesitatimende osithola ngokuhambisa umoba esigayweni.



Amasu asemqoku: Imisebenzi okumele yenziwe ngokulandela izeluleko zakwa SASRI.

Uma ngabe uzokwengeza umanyolo emasimini azohlalwa ngenkathi yonyaka wezi-2013, qinisekisa ukuthi uwufaka kusasele izinyanga eziyisithupha ngaphambi kokuba kuhlalwe ngoba kungalimaza ubungako bukashukela osemobeni.



Igugu lesizwe – ukongiwa komhlabathi

ngu William Gillespie - Umeluleki wezomoba: SASRI

UMOBA UDINGA

UKUGUGULEKA KOMHLABATHI

Umoba udinga umhlabathi ojulile nonempilo ukuze ukhule kahle. Umhlabathi uligugu futhi awubuyiseleki uma ugugulekile ngakhoke kumele unakekelwe.

UKUNGENA KWAMANZI EMHLABATHINI

Unaloku onkungenhla emqondweni kubalulekile ukuvikela kanye nokugcina umhlabathi, ukuze kube lula ukungena kwamanzi ashone phansi emhlabathini. Lokhu kusho isivuno esihle.

UKUNGABI NALWAZI **NOMHLABATHI** **KUSHO UKUNGABINASIVUNO** **NAMALI**

ISIBONISO **EMASIMINI**

Kutshengiswa ubukhona betashi nokuvikeleka komhlabathi onothile – nokugcineka komswakamo.

Kutshengiswa ukulahleka komhlabathi ngokungabibikho kwetashi.

Emasimini lokhu sikwenza ngokulungisa amasimu, nokugxila kakhulu ekwakhiweni kwemigudu yamanzi, nokuhlukanisa amasimu.

IMIPHUMELA

Ubukhona betashi nokunakekelwa komhlabathi kuhholela ekutheni:

- Amanzi athathe isikhathi eside ukuthi ageleze
- Kunyuke izinga lokungena kwamzini emhlabathini

Ukungabibikho kwetashi nokunakekelwa komhlabathi kuhholela ekutheni:

- Amanzi ageleze ngokushesha
- nokuholela ekugugulekeni komhlabathi ongaphezulu onothile

UKONGIWA KOMHLABATHI **NAMANZI** **KUSHO ISIVUNO ESIHLE** **NENZUZO**

Uyasiqonda yini isitatimende osithola esigayweni uma uhambise umoba?

Amathani kamoba

Imali ekhokhelwa ngethani likashukela

P/Bag X02 Mount Edgecombe 4300 Grower: SASRI Grower code: 201000A	Ingwe Milling Company P.O Box 111 Durban, 4000	Remittance Advise Cane delivered to: 01/09/2012 Invoice payment date: 31/10/2012		
Cane tons: 80 Tons RV: 9.6 RV%: 12	RV Price: R 3 139.67 Cane payment: R 30 140.83			
Deductions	Base	Rate	YTD VAT excl.	NOW DUE
RV Proceeds	9.6	3 139.67	30 140.83	R 30 140.83
Retention A Pool	30 140.83	0.025	753.52	- R 29 387.31
CTS Levy	80	1.86	148.8	- R 29 238.51
Cane harvesting	80	90	7200	- R 22 038.51
Cane haulage	80	86	6880	- R 15 158.51
MGB levy	80	0.124	9.92	- R 15 148.59
P&D levy	80	0.81	64.8	- R 15 083.79
Total Deductions				- R 15 057.04
Cane proceeds				R 30 140.83
Total due				R 15 083.79

Inkokhelo zingakadonswa izindleko

Imali edonsiwe

Izindleko sezizonke

Inzuzo yomlimi



ngu Mzwandile Gina - Usomnotho: Canegrowers

Paid into your savings account at FNB 123456789, Bank code: 630025

Amasu asemqoka

May

Qala ukuthatha amasampula omhlabathi kumahlumela akho

Uma sekuyisikhathi sokuthi uthathe kabusha isampula lomhlabathi ensimini yakho noma wawungalithathanga ngenkathi utshala, yiso isikhathi lesi sokuthi uqale ulithathe esimobeni osusihlahlile. Thatha isampula ngokukhulu ukushesha emva nje kokuhlala ensimini. Loku kuzokukusiza ekutheni kuthi kushaya isikhathi sokufaka umanyolo entwasa-hlobo, ube sewazi inhlobo kamanyolo nesibalo samasaka osidingayo futhi usuwuthengile.

Hlela ukunisela kwakho kwasebusika kuhambisane ngesikhathi

Ukunisela kwasehlobo nokwasebusika akufani. Umthamo wamanzi owafakayo kanjalo nokuqhelelanisa izikhathi zokunisela akufani ebusika nasehlobo. Enza uhlelo lwakho ukuze ukunisela kwakho kube okuyiko.



Hlonipha noma landela imigomo ebekiwe yendawo yenu emayelana nokushisa umoba

Kunemigomo ebekiwe yokushiswa komoba kwindawo yendawo. Qinisekisa ukuthi uma ungasazi lemigomo uyayifuna kumeluleki wakho wezomoba. Uma usuyazi, qinisekisa ukuthi uyayilandela ukugwema umonakalo ongadalwa ukushisa budedengu.

June

Ngabe usuwahlanzile amabhande omlilo

Ubusika isikhathi semililo ngakhoke qinisekisa ukuthi amabhande omlilo (fire breaks) owenze ekuqaleni konyaka uwagcina ehlanzekile ngasonke isikhathi ukugwema ukusha kwesimoba ngengozi. Uma uhlanza noma ulungisa amabhande omlilo, ungawahlakuli ngoba loku kungaholela ekugugulekeni komhlabathi kodwa wasike noma uwashise.

Qala uthenge umanyolo bese uhlelela ukuwufaka

Thenga umanyolo ngaphambi kwesikhathi sokuwufaka. Loku kuyakusiza ekutheni ungabambezeleki uma usudinga ukuwufaka. Uma uthenga usujahile ungagcina ungasayitholi inhlobo oyidingayo, bese uyabambezeleka.



Maphakathi-nezwe – Ingabe uyawahlola amasimu akho ukubheka umonakalo wesithwathwa

Qinisekisa ukuthi uyawahlola amasimu akho lakunesithwathwa khona ukuze uma kunomonakalo obekhona odalwe isithwathwa, ukwazi ukufuna izeluleko ngokumele ukwenza ukugwema ukulahlekelwa okukhulu.

July

Ilwa nokhula lwasebusika

Isimoba esitshalwe sekudlule isikhathi ngabo January/February/March ezindaweni ezingenayo inkasa kufika

ubusika umoba ungambozi. Lamasimu angambozile aba nenkinga yokuhlaseleka ukhula ubusika bonke. Ungaluyekeni lolukhula uthi uyoze ulubulale entwasa-hlobo, yilwa nalo ngoba luyawenza umonakalo. Zikhona izinhlobo zezibulala-khula ezihambelana nokubulala ukhula ngalesikhatho sonyaka.

Lungisa izigubhu zakho zokufaka umanyolo nophoyizeni

Izigubhu zokufaka umanyolo nophoyizeni kumele zilungiswe manje zibe sesimweni sokusebenza ukuze masuqala ukufaka umanyolo nophoyizeni, ungabambezeleki.



Hlolela isifo uMbasha (RSD) kwizinkulisa-mbewu zakho

Isifo uMbasha siyinkinga kakhulu, singaholela ekutheni imbewu yakho ingaphasiswa/ifeyilise ukuba kutshalwe ngayo uma inkulisa-mbewu yakho isihlaseleke kakhulu iso. Ukuhlola ngalesikhathi kuyasiza ukugwema lokhu – abe-Zifo ne-Zinambuzana bayakusiza ukuhlolala lesisifo.

August

Qala ukufaka umanyolo ehlumeleni uma usogwini

Isikhuthaza kumele sifakwe ngokushesha emva nje kokuhlala uma uhlahle izimvula / umswakamo usukhona ngoba isitshalo sidinga umsoco ukuze sihlume kahle nangokushesha. Ogwini, izimvula nokushisa kusuke sekukhona ngalenyanga (August) ngakhoke kuyisikhathi esihle ukuba ufake isikhuthaza emobeni ohlahlwe manje nohlahlwe ebusika. Landela izincomo zakwa SASRI-FAS uma ufaka umanyolo.

Lungiselela futhi uqale ukufutha amasimu azotshalwa kabusha

Uma insimu yesimoba izovuselelwa noma izotshalwa kabusha, kubalulekile ukuthi umoba omdala ufuthwe ngophoyizeni (glyphosate) ukuze ushe ufe wonke uphelele. Loku kuyaqinisekisa ukuthi awabi khona amavolontiya nezifo ezingaba kumoba omdala ezingacina sezihlasela isimoba esisha.

Enza isiqiniseko sokuthi amasimu azotshalwa kabusha entwasa-hlobo uyawahlala ebusika ukuze ngabo August/September abe esehlume ngokwanele (umoba usufika edolweni) ukuthi uwafuthe ngophoyizeni. Thenga uphoyizeni wakho uqinisekise ukuthi isigubhu sokufutha sisesimweni sokusebenza.



Qala ukutshala kwasentwasa-hlobo – uma izimo zivuma

Uma izimvula zokuqala seziqalile nokushisa sekukhona, qala ukutshala kwakho. Lesi isikhathi esisincima kakhulu sokuqala ukutshala ngoba umoba otshalwe ngalesikhathi uyasimama, usheshe umboze, ukhula ngamandla nangokushesha ngoba uthola zonke izimvula nokushisa kwasehlobo ngokugcwele.



Abeluleki: SASRI

Usonnotho wezokulima kwa-SASRI

U-Sifiso Mhlaba ongowokuzalwa eDriekoppies eMpumalanga, asimangali ukuthi unomlando embonini kashukela njengoba uvele ekhule ekhaya kulinywa umoba. Uqhashwe ka-SASRI njengoSonnotho wezokulima




(Agricultural economist). Uphothule iziqu zezomnotho wezokulima (BSc Agricultural Economics Honors) enyuvesi yase-North West eMafikeng. Phakathi konyaka wezi-2009 kuya kowezi-2010 ubesebenzela inhlangano yabalimi bomoba (u-CANEGROWERS) ebhekile abalimi abalima ngokuncane ehhovisi lase-Komatipoort eyi-Grower Support Officer. Uphinde wathola umfundaze wokuya eMelika ayoqhuba izifundo zakhe zezomnotho i-Masters.

Ufika kwa-SASRI nje ubesebenzela i-Competition Commission. Umsebenzi wakhe njengoba esekwa-SASRI usebenzisana nabacwaningi ukubuka ukuthi ucwaningo kanye nezincomo luzobahlomulisa kangakanani ngokwezomnotho. Unethemba lokuthi uzo-siza abacwaningi ukuba bakhiphe izincomo ezizohlomulisa abalimi.

Uma engekho emsebenzini, uthanda ukuchitha isikhathi sakhe evakashela olwandle noma ezidlalela ibhola likanobhutshuzwayo. Ungaxhumana naye kulenombolo: 031 508 7478.

Abakwa-SASRI sebeqashe umeluleki omusha

u-Patrick Ngcobo nongowokuzalwa eMlazi endaweni yaseThekwini, uphothule izifundo zezoLimo eMangosuthu University of Technology. Ngonyaka wezi-2010 uqale ukusebenza e-Sunshine Seedling Services eMgungundlovu. Ngolandelayo (2011), uqokwe njengoMsizi Womphathi-plazi kwa-Stanley S. Shire (Pty) Ltd eliseMtubatuba. Kuwo lowo nyaka ngasekupheleni kwako, ube esesebenza eMfolozi Sugar Mill njengomgcini wolwazi (Data Capturer) wabalimi abalima ngokuncane.



Ngonyaka ka-2012 ube eseqashwa yinkampani uMhlathuze Valley Sugar Co. Ltd eMpangeni njenge-Junior Farm Manager. Uqale ukusebenza kwa-SASRI ngoNhlolanja (February 2013) njengoMeluleki wabalimi abalima ngokuncane abafakela i-Maidstone, i-Gledhow kanye ne-Darnall.

u-Patrick uthemba ukuthi amava akhe ekutshaleni nasekukhuliseni komoba, nokuba nolwazi ngezidingo zabaLimi abalima ngokuNcane kuzobasiza ukuze bathuthuke.

Abalimi bangaxhumana naye kule nombolo engezansi mayelana nezidingo zomoba: 082 655 0358

ABADIDIYELI

Bongi Bhengu, Sifiso Hlela, Joe Nkala & Sagie Doorsamy (Umhleli) Ikhishwa kathathu ngonyaka; ngoMasingana, uNhlabo nangoMandulo
Imibono nemibuzo: Sifiso Hlela: 031 508 7511 Email sifiso.hlela@sugar.org.za

Ukusakazwa kwezinhlelo zezolimo emsakazweni

U SASRI, okuyisikhungo socwaningo lwezomoba esise-Mount Edgecombe, naye uyingxenyane noma ubambe iqhaza ezinhlelweni zokusakazwa kwezolimo eziteshini zomsakazo ezahlukahlukeni lapha kwa Zulu-Natal. Loluhlelo luxhaswe uMnyango wezolimo nezeMvelo.

Abalimi abaningi bayalulalela loluhlelo futhi bayaluthakasela kakhulu ngoba kuningi abakuzuzayo ngokulalela lezinhlelo. Abalimi baye baphinde bathole ithuba lokushaya ucingo uma uhlela lubukhoma, babuze imibuzo ngezinto ezibathinta ngqo.

Abalimi nomphakathi wonkana nje, uyakhuthazwa ukuba babe ingxenyane yohlelo ngokulalela ngalezikhathi ezilandelayo.



IGAMA LOMSAKAZO	INDAWO ISITESHI SOMSAKAZO ESIKUYO	IGAMA LOHLELO	USUKU OKUSAKAZWA NGALO UHLELO	ISIKHATHI OKUSAKAZWA NGASO
SUNNY SOUTH (97.0 FM)	Port Shepstone	Ulimo lwakho	NgoLwesine	05h00 - 06h00
UKHOZI FM (90.1 – 107.5 FM)	Ethekwini	Cobela kufalaza mlimi	NgoLwesithathu	03h45 - 04h45
ZULULAND RADIO (97.0 FM)	Melmoth	Ezolimo nezemvelo	NgoLwesine	06h00 – 07h00
KHWEZI RADIO (90.5 no 107.7 FM)	Kranskop	Ezolimo nomnotho	NgoLwesithathu	19h05 – 20h00
GOOD NEWS (93.6 FM)	Verulam	Ezolimo nezemvelo	NgoLwesithathu	14h00– 15h00
ICORA (100.4 FM)	Eshowe	Phezu komkhono	NgoLwesithathu	19h00 – 20h00
MAPUTALAND RADIO (107.6 FM)	Jozini	Xoshindlala	NgoLwesine	19h00 – 20h00
IMBOKODO (96.8 FM)	Pinetown	Ezolimo nentuthuko	NgoLwesithathu	18h00 – 19h00
SIYATHUTHUKA (97.6 FM)	Indwedwe	Masizithuthukise	NgoLwesibili	14h00 – 15h00
UMGUNGUNDLOVU (106.3 FM)	Pietermaritzburg	Ezolimo nomnotho	NgoLwesine	05h00 – 06h00

Izihloko ekuzokhulunywa ngazo kunyaka we 2013 -2014

Isihloko	Inyanga	Isonto	Izinsuku
Amakoperasi (Abalimi noSonkontileka)	May (Nhlaba)	4	21 - 23
Imbewu nezinhlobo zomoba	June (Nhlanguvana)	2	11 - 13
Ukutshala	August (Ncwaba)	2	13 - 15
Ukuvuthiswa komoba	October (Mfumfu)	5	29 – 31
Ukutshala ngendlela enokunakekela imvelo	January (Masingana)	4	21 – 23
Ukuhlelela isivuno/ umkhiqizo	February (Nhlolanja)	3	18 – 20
Ukuhlahla	March (Ndasa)	2	11 - 13

Uma umlimi elandele kahle loluhlelo olungaphezulu uyoqithola izinhlelo zezokutshalwa nokuphathwa komoba bese ekwazi ukuzibuzela imibuzo kuleyomisakazo eyenziwa bukhoma.